


Circles Within Circles: Girlfesto

**'ASIIKI! SIZOLUQEDA UDLAME
OLUBHEKISWE KWABESIFAZANE!'**

Quebec | 8-11 Julayi 2018
Montebello Girlfesto



I-Montebello Girlfesto ivela kwi-Circles within Circles: Transnational Perspectives on Youth-led Approaches to Addressing Gender-Based Violence, okungumbuthano obanjelwa eMontebello, Canada, kusukela ziyii-8 – 11 kuNtulikazi 2018. Ababambe iqhaza yibo ababhala isiphakamiso seGirlfesto ngosuku lokugcina lombuthano. Lolu hlelo lwahlanganisa amantombazanyana nabesifazane abasakhula kanye nabacwaningi, nalabo abamele izinhlango zezizwe nezikazwe lonke kanye nalabo abasungula izinqubomigomo abavela e-Canada, e-South Africa, e-Kenya, e-Sweden nase-Russia. Yayifaka nezinkulamo ezethulwa amantombazanyana nabantu besifazane abasakhula ngaloko obakwenzayo emiphakathini yabo okuqondene nodlame olubhekiswe kubantu besifazane Kanye nama workshop aphantelene nobuciko, namaseshini alabo abathintekayo kanye nombukiso kazwe lonke, i-‘Speaking Back,’ eyenziwa yizithombe ezivela ezifundazweni eziyisikhombisa. Inhloso yalombuthano ohlanganisa izizukulwane namazwe bekuwukuthi amantombazanyana nabantu besifazane abasakhula bakulelizwe nabakwezinye izizwe baxoxisane, babelane ulwazi, yizindlela zokwenza izinto, ukwazana nokuthi bafunde komunye nomunye, ukuhlanganyela kuloku okubonakalayo njengokusebenzisa imisebenzi yobuciko ukuthi bakhulume ngodlame olubhekiswe kubantu besifazane. Yize udlame olubhekiswe kubantu besifazane lukhona ezweni lonke kanye nokubuswa ezinye izizwe, ukucwaswa ngokwezinga lempilo nokungalingani, ukwazisa abantu ngalo nokuxoxa ngalo kudinga amasu abhekene nengqikithi yendaba ekudingeka ukuthi abhekisise ubulili.

Iqembu elikhulayo lodade amantombazanyana nabantu besifazane esebekhulile liveza ukubaluleka kokuzibandakanya ekwenzeni inqubomgomo kanye nokuthuthuka kohlelo. Indima ebalulekile kakhulu yile yokwakha ubumbano nokubambisana namanye amantombazane, ubusisitela, ukuxhumana kwazwelonke kanye namanye amazwe, wukuhlanganyela kwezokuxhumana nemidlalo ezokuthuthukisa ulwazi nokuthola ithuba lokuthuthukisa amakhono kanye nokufunda.

Abafake isandla kwi-Montebello Girlfesto: Indigenous Young Women’s Utopia (Treaty 6 Saskatchewan, Canada) | Sisters’ Rising (British Columbia, Canada) | Eskasoni (Nova Scotia, Canada) | Girls Leading Change (South Africa) | Young Girls Leading Change (South Africa) | Gender Activists (South Africa) | Social Ills Fighters (South Africa) | Leaders for Young Women’s Success (South Africa) | Ange School (Sweden) | McGill University | University of Victoria | Mount Saint Vincent University | York University | Nelson Mandela University | University of KwaZulu-Natal | First Nations University | G(irls)20 | United Nations Girls Education Initiative | Canadian Women’s Foundation | Pauktuutit (Inuit Women of Canada) | Gorbachev Foundation (Russia) | Youth Coalition for Sexual and Reproductive Rights | Trudeau Foundation Scholars



Sifuna inkululeko hhayi ukuphepha kuphela

IPHOYINTI LOKUQALA

I-Montebello Girlfesto icacisa kabanzi ukuthi ikholelwa ekutheni ukubandakanya amantombazanyana kanye nabantu besifazane abasakhula njengabantu abanolwazi futhi abangabaholi, nokulekelelwa yilabo abathintekayo ekukhulumeni ngodlame olubhekiswe kubantu besifazane yikho okuwumsuka woshintsho oludingekayo ukuze iphupho lokuba nemiphakathi ephaphile lapho amantombazanyana kanye nabantu besifazane asebekhulile bezophathwa ngokulingana nangehlonipho.

UMBONO

'Sifuna inkululeko hhayi ukuphepha kuphela'

Umbono wethu wezwe elikahle elingenalo udlame olubhekiswe kubantu besifazane udinga ukuthuthukisa imigomo yokulingana, ubulungiswa kanye nesithunzi sabo bonke abantu. Lo mbono ubandakanya ukwamukela ukungafani/ ukuhluka, ukusebenzisa ukuxhumana/ukuxoxisana okuvulelekile nokulalelisa. Lokhu kucaciswa yilokhu okulandelayo okusungulwe yiqembu lamantombazanyana kanye nabantu besifazane asebekhulile abahlanganyele kwiNdilinga phakathi kwezinye izindilinga ukuveza uhlobo lwezwe abazinikele/ abazimisele ngokulwenza.

UKUQONDISISA LO MBONO, SONKE SIDINGA:

- Ukufunda ukungakhululeki
- Sibone futhi siqondise ukwehluka kolwazi
- kungagcini ngokulalela kepha kulalelwe ngokuqondisa ikakhulukazi amantombazanyana nabantu besifazane asebekhulile
- Ukubona abuholi namathuba akhona emiphakathini yethu
- Ukwamukela ubukhona nokubhekana nokuhlukumezeka okungaqondile ngqo nokuhlukumezeka ohlangathini lwemiphakathi yethu
- Ube nenhliziyo evulelekile nomqondo ovulekile uma kuza ezingxoxweni zombuthano
- Izingxoxo zokwabelana (okubandakanya izingxoxo zempumelelo nokuba nesibindi)
- Uphindaphinde ukubukisisa ukuthi zingashintshwa kanjani izinto ezinika udlame olubhekiswe kubantu besifazane amandla okuthi zenzeke
- Ukuthandana nokuhloniphana njengabantu, ukujabulelana nokwazisa okuhlukile nokufanayo kunina njengabantu.
- Zijwayeze ukuziphatha njengodade la sibhekelelana/ sinakekelana khona sisingathana ukuqinisekisa ukuthi ukukhula nokuthuthuka komuntu ngamunye
- Uqondise ukuthi abafanyana Kanye nabantu besilisa abasakhula kumele babe yingxeny yalezi zingxoxo eziphathelene nodlame olubhekiswe kubantu besifazane.

SICELA BONKE ABATHINTEKAYO

(abasunguli benqubomgomo ezizweni ngezizwe, izwe lonke, isifundazwe kanye nabasemiphakathini, abaholi bemiphakathi nezinhlangano ezizimele)

- Ukufuna ukwazi, ukunaka, ukuzibandakanya, ukuvuleleka, ukweseka nokuba nobubele nokulalela uma amantombazanyana nabantu besifazane abasakhula bedlulisa okuthile futhi uzinikele ekubeni yingxeny yezingxoxo eziliminingi
- Ukukhipha inkambiso yabezizwe kwezomhlaba, emizimbeni, emimoyeni nasezizweni okubandakanya ne-Metis kanye nemihlaba yokhokho: Lokhu kusho ukwamukela ukuxhumana kokubhekana namantombazane nabesifazane abasakhula nezomhlaba namanzi emhlabeni jikelele, ukubuyisela amalungelo, ukuzimela komhlaba, imithetho yemvelo nenkululeko ukuze amantombazane nabesifazane abasakhula bakwazi ukuziphilela.
- Ukubhekana nemilando ehlanganisa imiphakathi yonke noma yemiphakathi ekhethekile nemithelela yayo
- Ukwakha izindawo eziphephile zamantombazane nabesifazane emazingeni onke empilo
- Ukutshala kwizinsizakusebenza (kubalwa izinsizakusebenza eziseka imisebenzi yobuciko) ukuseka amantombazanyana nabantu besifazane abasakhula ukuthi bahlanganyele ekukhiqizeni kwezinto zamasiko
- Ukufaka inselelo nokuguqula izinqubomgomo ezingenabulungiswa ezivumela udlame olubhekiswe kubantu besifazane
- Ukwenza izinqubomgomo ekufinyelelekayo kuzo (ngokuzibeka ezindaweni zomphakathi kusetshenziswe ulimi olwaziwayo noluzwakalayo)
- Ukulandelela nokuqapha imiphumela yemizamo yezingxoxo ezimayelana nodlame olubhekiswe kubantu besifazane kumuntu ngamunye, emiphakathini nakwinqubomgomo
- Ukuseka izinhlelo nezinqubomgomo ezisiza ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi ayizisebenzisi izidakamizwa notshwala
- Ukuqinisekisa ukuthi isiko nepolitiki liseka ukulwisana nodlame olubhekiswe kubantu besifazane
- Ukuseka amasu anjenge #Imnotafraidtosay (I'm not afraid to say) and #MeToo, nokuvikelwa kokuthuliswa kwamaphimbo
- Ukwakha izindawo ikakhulukazi izindawo lapho kuzofundwa khona izinto eziphathelene nokuthi amantombazane azizwe enele futhi ephelile ngokwemizwa, ingqondo nesiqu sawo
- Ukuphendula ezingxoxweni zamantombazanyana nabantu besifazane abasakhula ezimayelana nokungaphephi

kwabo nokuseka inhlangano yabo

- Ukuhlola noma ukubheka ezinye izindlela ezingaseka amantombazanyana namantombazane asakhula ukuhlala ukwakha nokudlulisa lokhu abakwaziyo mayelana nodlame olubhekiswe kubantu besifazane
- Ukugqugquzela izinhlelo eziphathelene nokwazisa abantu mayelana nodlame olubhekiswe kubantu besifazane emhlabeni jikelele
- Ukwakha nokuthuthukisa izindlela ezihlukahlukene zokwabelana ngamathuba okufundisa namathuba oxhaso lwezimali (ukuseka amantombazanyana nabesifazane abasakhula ukuthi baqwashise mayelana nezikhalo zabo)
- Ukuzinikelela ekuthenini amadoda nabafana bayingxeny yezingxoxo eziphathelene nodlame olubhekiswe kubantu besifazane.

NJENGAMALUNGA OMPHAKATHI SIYAZINIKELA

- Ukugcizelela ukubaluleka kwesithunzi somuntu
- Ukweseka amantombazanyana nabantu besifazane abasakhula ukuthi kube khona abakwenzayo ngezimo ababhekene nazo
- Ukubona ukubaluleka kwesinyathelo esibhekelela umsebenzi omayelana nodlame olubhekiswe kubantu besifazane ezweni lonke, ikakhulukazi ukuseka amantombazanyana nabantu besifazane abasakhula ukuthi babe yingxeny kulomsebenzi ezweni lonke emicimbini noma ezinhlelweni ezinjenge -*Circles Within Circles*
- Ukunyusa isibalo samantombazanyana nabantu besifazane abasakhula ekubeni yingxeny yokwakhiwa kwenqubo mgomo
- Ukubandakanya abafanyana nabantu besilisa abasakhula ezingxoxweni nokulwisana nokuqeda udlame olubhekiswe kubantu besifazane
- Abaholi bemiphakathi, abesizwe nabezwe lonkana ukuthi babe nesibopho sokudlulisa imibiko mayelana nodlame olubhekiswe kubantu besifazane.

ISIPHETHO

Le Girlfesto yazisa iqhaza elingabanjwa amantombazanyana nabantu besifazane abasakhula ekusunguleni, ukulungiselela nokulungiselela imicimbi ephathelene nezimpilo zabo kanye nezinto ezibakhathazayo. Ngaphezu kwakho konke yazisa ukubaluleka kokulalela amazwi noma izikhalo zamantombazanyana nabesifazane abasakhula nokugcizelela ukubaluleka kwezingxoxo kanye namathuba okufunda okuholwa amantombazanyana kanye nabantu besifazane.